1 1b

## Uku6opha utshani

Lomkhu6a ukhona ezweni lakwaNgwane eSwazini, nakulo leli lakithi kwaZulu ukhona nakhona. Kuthiwa ku6oshwa utshani o6useduze nendlela uma owesifazana e6elekile washiya indoda yakhe na6antwana. Ithi inga6ona indoda ukuthi u6alekile ihla6e umkhosi kuphume 6onke a6antu 6omdeni wayo 6asa6alale ngazozonke izindlela, 6ehamba 6e6opha utshani. 6eku6opha
2 amafindo. 6a6ophe lo6o o6useduze kwendlela ahambe ngayo lowo owesifazana. Kuthiwa lokho kwenzelwa uku6a amafindo lawo amvimbele owesifazana lapho e6aleka athi angafika lapho emafindweni otshani angadluli.

Kangazi ukuthi kuyenzeka yini lokho, kodwa ngumkhu6a owa6e wenziwa kakhulu lowo kuqala. A6anye 6athi uku6opha amafindo otshani eduze kwendlela kwenza uku6a lowo, owa6ophayo lawomafindo a6enohambo oluhle, afike nalapho eyakhona ehlinzekiwe.
3 Umlo6i walo lelibhuku uyakhumbula ukuthi esengumfana omncane ku6o eSiyamu ngaseMgungundlovu wezwa a6adala 6ekhuluma nga6o utshani lo6o o6u6oshwa amafindo. Wezwa 6ethi lokho kwenzelwa uku6amba ilanga uku6a lingashoni masinyane.

Amakhosikazi aseSiyamu ayevuka ekuseni kakhulu eyakowasha izingu6o za6elungu eThawini, kuthiwa nawo ayeyayele uku6opha utshani amafindo ethi a6amba ilanga uku6a lingasheshi liphume khona ezofika eMgungundlovu kusempondo zankomo.

4

## Isivivana

Nanku omunye umkhu6a wakithi owa6ewenziwa cishe ku6e yizozonke izizwe ezimnyama. Izivivana lezi yinqwa6a yamatshe emi edn endle eduzane nezindlela okuhanjwa kuzo. Uma uthi ungafika eduze kwesivivivane 6ese uhlala phansi ulinde kuze kudlule a6antu a6ahambayo ngaleyondlela wo6a6ona 6ecosha amatshe 6ewaphonsa kuso. A6anye 6ewafela ngamathe kuqala amatshe
5 anduku6a 6awaphonse esivivaneni, 6ese6edlula 6eqonda lapho 6eqonde khona. U6uze-ke uthi, "Nikwenzelani lokho na?" A6anye 6azophendula 6athi, "O, sikwenza ngo6a sifuna uku6a

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

ser. 152

nehhlanhla lapho xy siyakhona, sifike sithokozelwe khona. Sizenzela izihloбo phambili." Aбanye бathi ngumkhuбa wakithi wemvelo lona. Kasazi ukuthi uthini kodwa, oбaбa бaбewenza, nathi kuswelekile siwenze."

Kepha kuthiwa lomkhuбa waweungenziwa ngaбantu kuphela ngoбa nezinye izizwe zakuleli nazo izivivane. uMnu
a
Fuze uyalikhipha elokuthi zaqnjwa nguNqetho inkosi yakwaQwaбe mhlazana eбalekela uShaka.

7 Ukuбiza imvula

Imvula lena kuyekuthi lapho lingasani, kanti isikhathi sayo s okuбa ine sesifikile kulingwe ngezindlela zonke ukuбa yenziwe inethe. Amakholwa ayezindlini zamasonto ayokhuleka kuNkulunkulu ukuбa athumele imvula. Naбangakholwayo kuthiwa xxx xx naбo бenza imikhuleko yaбo yemvula. KwaZulu kwakuyekuthi lapho amaбele esetshiswa ilanga selidoбa inhlazi esiziбeni ngemiseбe yalo, lincengwe ukuбa line. Aбanye бaphume бayozingela
8 izinyoni zezulu okuthiwa ziNsingizi; бaziбilale бaziphonse esiziбeni. Kuthiwa бakwenza lokho khona izulu lizodaбukela izi nyoni lezo eziбulewe, бeseliwohloza izinyembezi likhala. Kuбe ukuna kwaloke njalo'lokho.

Aбesifazana бaбethatha izingane zaбo бazimbele emhlaбathini zwele ngamakhanda ngaphezulu, бeseбeyobhaca x iбangana elikudana nalapho бembele khona izingane zaбo. бasitshoke isililo manje бekhala бeziбulala. бathi бacela iNkosi ukuбa iбahaukele phela
9 lapho isiбaбona seбembela izingane zaбo kanjalo ngoбa бencenga imvula. бathi бangasiqeda isililo, бazimбulale izingane zaбo бaбuyele nazo emakhaya, бenethemba elikhulu lokuthi imvula iyeza uqoбo.

Ziningi ezinye izizwe ezenza imikhuбa efana nayo lena lapho ziбiza imvula. Kasizuyihlola leyo namhlanje ngoбa sisafuna uбufakazi oбugcweleyo ngayo. KwaZulu inyanga yezulu yaбinedumela elikhulu ezweni lonke. Yesatshwa ngaбantu,
10 futhi ihlonishwa. Amanye amakhosi ayeziбiza ngokuthi ayizo nawo izinyanga zezulu ngoбa xxx esaбa ukuбa kuбekhona inyanga yezulu ezweni, engase iбenamandla afana nawayo inkosi.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

ser. 152

Nenkosi uShaka uqo6o lwakhe wathi nguye kuphela inyanga yezulu kwaZulu, ngo6a engafuni futhi esa6a ukumisa inyanga yalo.

Singeyiqede yonke imikhu6a eya6eyenziwa yoku6iza imvula. Ngenye inkathi kwakuyekuphume amantombazana ekhaya ahambe udwendwe ethwele amanzi. Azohamba noma i6anga elide kakhulu
11 za aze ayofika lapho eyo6iza khona imvula. Athi angafika lapho awathele phansi amanzi kuleyondawo ekhonjiweyo ukuthi kwambelwa kuyo inyanga yezulu. Akwenza nje lokho aqale ngokusina ayizungeza, eyenga amafu uku6a athambe alethe imvula.

12 Ukuhlonipha

Kuthiwa kwaZulu a6antu 6a6esa6a ukulunguza esizi6eni 6ethi kukhona isilwane esihlezi phakathi esizi6eni esizo6adonsela phakathi.

Umkhu6a wakithi kwaZulu kawuvumi nempela uku6a a6antu 6a6ize inkosi ngegama layo na6asondelene nayo ngozalo. Futhi namanye amagama asondelene nelenkosi kawa6izwa; ayahlonishwa kakhulu kufunwe ezinye izinhlamvu zamagama okuzo6izwa ngazo
13 lezozinto ezihlonishwayo. Kakhulu a6esifazana noma kunga Zza 6asendlunkulu 6ahlonipha kakhulu. Ngenye inkathi ungaze ungezwa nempela ukuthi 6athini lapho 6ekhuluma.

Inkosi yakwaNdwandwe kwakunguLanga. A6akwaNdwandwe 6a6engali6izi ilanga leli eliphuzulu 6athi "ilanga," 6a6ethi "igala;" ngo6a 6ehlonipha inkosi uLanga.

A6akwaNxumalo 6ona 6a6ehlonipha igama lokuthi "kwalusa." Lapho 6ethi ukwalusa 6athi "ukukhangeza." Ngo6a
14 phela nango uMalusi kuyigama lenkosi yakwaNxumalo.

Kusa6usa uMpande kwaZulu izimpande zemithi zazinga6izwa kuthiwe izimpande; kwakuthiwa "zingxa6o." Kuhlonishwa yona inkosi uMpande.

Nayo inkosi uCetshwayo wayehlonishwa. Kungashiwo nempela ukuthi "amace6o" nxashana umuntu eqamba amanga; kwakuthiwa "amakhwatha." Phela uma 6ethi amace6o se6e6iza yona inkosi ngo6a nanti igama layo lino "ce".

15 6ona a6esifazana 6a6ehlonipha na6afowa6o noyise 6enkosi na6anye a6asondele kuyona. Nazi ezinye izinhlamvu okwakuhlonishwa ngazo:

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

Indlela: Nxa kuhlonishwa leligama mhlaumbe inkosi eбusayo lapho kunguNdlela noma mhlaumbe omalokazana бehlonipha uyisezala uma igama lakhe linguNdlela бayeбathi lapho бekhuluma ngendlela Inyathuko.

Amanzi; Amagama asetshenziswayo uma kuhlonishwa lelogama kuyekuthiwe amandambi noma amajiyimba.

16 Inkukhu: Uma kuhlonishwa lelogama kuthiwa ikhwiбi.

Ukuhamba; Nokuhamba kunegama lakho lokukuhlonipha uma leli lokuthi "ukuhamba" kungelomuntu ohlonishwayo kuthiwe ukukhija.

Amasonto: kuthiwe amashaqa.

Ummese: kuthiwe Umbikado.

Inyama: aбanye бathi incosa,aбanye бathi impeko.

Umfana: kuthiwe umkhaphewana.

17 Izimpisi ezihaph' igazi

uNomatshali kaбango waбeyinkosi yesizwe saseZiбisini. Isizwe samaqhawe empi. Kuthiwa kwathi lapho uDingiswayo esevela ekudingisweni kwakhe wayehamba nazo izinsizwa zaseZiбisini. Saphiwa lesiganje ~~isizsz~~ lesisizwe ngenxa yoбuqhawe бaso oбukhulu. Kwathiwa, "AбaseZiбisini, izimpisi ezimlomo бomvu ngokuxhapha igazi lomuntu.

18 AmaBhaca

AmaBhaca abhacela uZulu aze athiwa lona leligama esesiwaбiza ngalo namhlanje lokuthi amaBhaca. Kuthiwa phela kwathi laphi izwe lakwaZulu selinyakaza ndawozonke, linyakaziswa nguShaka, kwaбaleka aбantu aбaningi njengoбa sesishilo.

Kuthiwa ~~s~~ kulaбaбantu aбaбaleka ngalenkathi kwakukhona noSonyangwe kaKhalimeshe, owaбaleka neqembu lakhe elikhulu. Waбaleka naбo ehamba ebhaca, ebhacela impi kaShaka, ~~xxx~~ waze

19 wayofika ehlathini las'Ongoye. Wacasha kulo. Aбantu бayalamba noma бeбalekela ukufa. Naбo laбo yaбaphatha indlala ehlathini lelo, kwayinkinga nje ukuthi бazoyiбasa kanjani imililo бapheke noma ~~бx~~ бose inyama, lokhu nakhu бacashile.

Kwasoбala ukuthi inyama izoshiwa ingaphekwanga. Nempela ithi ingahlatshwa inkomo leyo ifukuthwe iluhlaza. Ukufukutha

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

kusho ukudla inyama ingaphekiwe. Waqala lapho umkhu6a othandwa

20 kakhulu amaBhaca nanamuhla wokufukutha. Asuka kulelohlathi ahamba e6usuku, kuthi emini abhace emahlathini noma ezinta6eni. Ahamba, ahamba, ahamba aze ayofika eMzimkhulu lapho kwakhekhona amaBhaca. Lahlala-ke igama lelo alethiwa nga6antu 6akwaZulu lokuthi ngamaBhaca ngo6a ayehamba abhacela uZulu. Nathi namuhla siwa6iza sithi amaBhaca. Mhlaumbe uma uZulu wayenga 6aqambanga lelogama 6a6eyo6izwa kuthiwe nga6akwaFukutha mhlaumbe kuthiwe ngamaFukutha, ngo6a 6a6efukutha inyama.

21 Thina-ke sizokhuluma ngezizwe ezinkulu ezinamagama ayizaga. Nasi isizwe esikhulu sakwaSi6iya. Sasakhe phakathi kweMfolozi emhlophe nemnyama. Igama laso lokuthi "Si6iya" kuthiwa salifumana ngokufuya kwaso izinkomo ezingi. Sasifuyile impela, uwaca lwemihlambi. A6antu 6ade 6ethi lapho 6ekhuluma ngaso:

"Nampo-ke a6akwaSi6iya ngezinkomo, a6anye 6e6iya ngamahlahla. 6esho ukuthi imfuyo ya6o yayiningi ngango6a 6a6enga6iyela ngayo imizi ya6o. Lavela-ke igama elithi, a6akwaSi6iya.

22 A6antu 6aphenduka izilwanyazana. 6a6hekana ngeziqu zamehlo. Kwasuka omunye umuntu othiwa uMdava wasemaDungeni, waqoqa idlanzana la6antu wazingela nga6o a6anye, 6e6a6ulalela 6edla. Ukwenza nje lokho u6ulawa indlala phela. Wa6ona ukuthi kulula uku6ulala a6anye a6antu adle 6ona kunokuzingela izinyamazane aziveze ezingozini zokudliwa izilwane.

Nguye-ke uMdava lowo owaqala lomkhu6a omu6i wokudla a6antu.

23 Wa6azingelisa okwezinyamazane athi anga6a6amba a6adle yena na6antu 6akhe. Wanda lomkhu6a omu6i ezweni lakwaZulu. A6antu 6aphenduka amazimuzimu ezinganekwaneni, 6aqedana 6odwana kalokhu. NguDingane lowo owa6axosha 6aphela kwaZulu a6adla a6antu, owaqeda lomkhu6a.

Akuthi ngelinye ilanga li6alele nje li6antu 6ahle, kwasuka umfana waseManyavini waya kofuna ukudla, naye ephethwe indlala. Uhamba nje kakukho muntu laph' ekhaya,

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

24 kuhanjiwe. Uthe lapho esahamba ecokosha lapha nalaphaya, wa6ona esehaqwe a6antu a6aninginje. A6athi uku6a 6a6one ukuthi uyethuka, 6ase6emdumela.

6athe 6esuka lapho 6a6ehlasela umuzi waseManyavini 6eshaqa zonke izingane nezalukazi ezazisele ekhaya, 6ahamba nazo 6ayozipheka.

Kuthe 6esendleleni weqa uNomsimekwana, waphonseka kwesikhulu isizi6a esigcwele izimvu6u. Phela yena wa6ehamba
25 phambidlana nje kwa6anye ethwele imbiza ayezophekwa kuyo. Uthe lapho eziphonsa esizi6eni amci6a ngemikhonto amazimuzimu, ahluleka ukumgwaza. Wacasha ose6eni lomfula ezinge eveza ikhala nje ngaphezulu kwamanzi, ephefumula alinda, alinda alinda amazimuzimu azakhathala athi akunani ngo6a nazi ezinye izinyamazane sinazo, sizokudla zona. Waphuma esizi6eni uNomsimekwana wacela empunzini eseqonde ekhaya eyohla6a umkhosi.

26 Athe efika amadoda ekhaya ekade eyofuna ukudla afika sekukhala ibhungane. "Yini 6afana? 6aphi onyoko na6anye a6antwana?"

"6athathwe amazimuzimu afike lapha ashaqa 6onke, a6a6ulala a6a6ethi 6aya6aleka."

"Pho wena wasinda kanjani, mfana?"

"Mina ngeqile, ngaziphonsa esizi6eni ngabhaca khona azahamba angashiya."

"Umhlola/ lona!" kusho amadoda e6amba indlela eseqonde
27 kwaZulu eseyozilahlela kuye uShaka uqo6o. Ethi okungenani asi6ulawe nguye uShaka uqo6o. Kunoku6a si6ulawe amazimuzimu asipheke. 6a6hatha lokho ~~ukw~~ okwakuwele 6ayakozikhonzela kuShaka. uNomsimekwana wakhula waze wa6a inkosi yawo amaNyavu wawa6usa inkathi ende kakhulu ewa6usa kahle ngoxolo.

Naye wafa eseyikholwa ekupheleni kwempi yamaBhunu. AmaNyavu ayakhe ngaseMngeni enhla nawo ngaseMkhambathini ezansi nawo. Kwathi lapho esezikhonzele kuShaka alwa izimpi eziningi
28 zakhe, engamaqhawe amakhulu. Kuthiwa nanamuhla asakhile khona lapho eMkhambathini.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

29 Kuthiwa kwakukhona umkhuба eSwazini owawuбizwa kuthiwe, "Ukuphonsa umkhonto," owawenziwa uma kumiswa inkosi. Kwakuye kuthunyelwe izwi limeme aбantu бonke ukuбa баbuthane eбandla. Kuzofika namaбutho onke ehlome ephelele. Afike eme enkundleni leyo okuzokwenzelwa kuyo umkhosi. Eme enze isikokela
30 esikhulu. Kuza ukuthi esemile inkosi ithi akugunyulwe inkuni enolaka esiбayeni. Ithi ingagunyulwa nje ikhombe izinsizwa ezithile ukuбa ziyisukele zingaphethe lutho ezandleni. Ziyisukele zizeziyiбambe ngisho inolaka olukhulu. Zithi zingayiбamba ziyingenise kulesosikokela esenziwe amaбutho. Izothi ingangena phakathi ayidumele amaбutho ayilahle phansi. Ithi ingawa ayigwaze esiphangoni, ingafi kodwa. Izovuka lapho igijime phakathi nesikokela eyisukela amaбutho eyishaya ngezinduku ize ife.
31 Izokuthi ingawa phansi бese ingena phakathi kwesikokela ime ithi phuhle phakathi naso. Ikhethe umkhonto njalo. Ime isikhatshana iwuphakamisile, бese iwuphonsa iwuqondisa ngalapho izitha zayo efuna zihlaselwe zingakhona. Kuthiwa iNdlovukazi yaseSwazini yafa mhla inkosi uBhunu "ephonsa umkhonto." Yafa kusihlwa emva komkhosi lowo wokuphonsa umkhonto. Okumangalisayo ukuthi iNdluvukazi yaбisitshilo ukuthi iyokufa
32 ngosuku lokuphonsa umkhonto ngoбa kungeke kuбekhona iziNdlovukazi ezimbili ngankathinye. Naбala yafa iNdlovukazi, waбusa uBhunu.

Nakhoke sekuthi ngelinye ilanga useбulala umuntu wakhe ngendlela embi. Wathi ezincekwini azimhlaбe ngezipenetu wonke umzimba. Zide zisifaka ngasinye emzimbeni zizezigcwale wonke umzimba, aze afe umuntu eбulawa izinhlungu. Ngenye inkathi athi umuntu kacwiliswe emanzini ngekhanda aze afe. Singeziqede nempela izenzo zakhe eziбuhlungu okuthiwa wayeбulala aбantu ngazo. Izinhliziyo zamakhosikazi zazilukhuni impela.
33 Noma ngingaбala amanye ayeбaphatha kaбi aбantu бawo, kakuswelekile lokho ngoбa kakusizi lutho ukukhuluma ngezinto eziбuhlungu kuphela. Nalokhu engiloбe ngakho ngiloбe ukuze kuvele oбala umahluko wesimo sethu namhlanje kwesasendulo. Noma siphethwe ngesandla esithi silukhuni namhlanje kusoбala ukuthi singcono kakhulu kunaбantu бakithi aбaбephila

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

ngalezozikhathi ezimnyama, lapho impilo yomuntu x yayifana nomlilo olokozayo.

34 amaFuzafulele

AmaNgco6o phela lawo.

"AmaFuzafulele njengezinyamazane." Lesi isizwe esikhulu futhi esaziwayo futhi, ngingezi6ale lapha izizwana ezincane ezingumunxa kaNgco6o ngo6a owangixoxela lenda6a ka6ange esangixoxela zonke. Yena uNgco6o uqo6o lwakhe uzalwa nguBumezitha. Leligama la6o lokuthi "amaFuzafulele njengezinyamazane," 6alithatha emkhu6eni wa6o a6a6e wenza endleleni. Ngishilo phela ngathi izizwe zazihlakazeka zihamba zifuna izindawo

35a ezi6anzi zokwakha nezoku6alekela. Nawoke amaNgco6o lawa ayesendleleni, eix ehamba. Kuthe se6ehambe i6anga elide kakhulu 6akhathala. 6alala. Kuyasa ngakusasa ka6asafuni ukuhamba, se6efuna ukuhlala khona lapho. 6eseke 6ethatha amahlahla 6evulela amadlangala a6o 6ewafihla phela, se6efuna kumiswe umuzi khona lapho.

Lahlala-ke igama lokufulela. Naku-ke sekuvela isaga sesi6ongo sa6o, amaNgco6o, amaFuzafulele njengezinyamazane.

35b uCetshwayo noM6uyazwe

Inda6a eya6ambi kakhulu kwaZulu ngenkathi kusa6usa inkosi uMpande ngeyom6ango omkhulu wa6antwana 6enkosi uCetshwayo noM6uyazwe. 6aningi a6asola yona inkosi uMpande ngalenda6a 6athi nguye uqo6o okwa6onakala6 sengathi uya6aqhatha a6antwana 6akhe.

uM6uyazwe lo uzalwa nguMonase wakwaMxumalo, owa6e eyisixe6e sikaShaka, engomunye wezintombi zomdlunkulu. Kuthiwa wathi uku6a a6one uShaka ukuthi uMonase kasaphilile

36 kahle wama6ela umfowa6o uMpande x ethi kamzalele kuye. Kuthe khona lapho wa6uya futhi wama6ela ngokumlo6olela uNgqumbazi wakwaZungu lo ozala uCetshwayo.

uShaka uma6ela uNgqumbazi nje uyamtshela ukuthi nguye ozo6a inkosikazi enkulu azale kuye indlalifa yakhe eyaku6usa esikhundleni sikaMpande.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

Kangazi noma kwenziwa ngo6a uMpande lo wa6usa inkathi ende waza wakhohlwa ilizwi likaShaka. Kodwa kwathi lapho se6ekhulile oCetshwayo noM6uyazwe wakhohlwa uMpande uku6ikezela
37 ukuthi uCetshwayo amzale kuNgqumbazi nguyena oyaku6usa uZulu emva kokufa kwakhe uMpande. Kanti namhla amaBhunu em6eka uku6a a6use uZulu am6uza uMpande ukuthi oyena eyinkosana ku6o 6o6a6ili yimuphi? Wathi yena uCetshwayo.

Nakhu-ke namuhla usekukhohlwa konke lokho uMpande, inhliziyo yakhe isige6ele ngaku M6uyazwe amzala kuMonase isixe6e sikaShaka. Kwa6aso6ala kuye wonke uZulu ukuthi uMpande uge6ele ngaku
38 M6uyazwe, ingani uCetshwayo ozalwa nguNgqumbazi nguye omkhulu ofanele u6ukhosi.

Iphutha lelo likaMpande lasusa ukungezwani okukhulu ku6antwana 6enkosi. uZulu wagqi6uka phakathi kwasuka olukhulu uthuthuva olwaze lwazala impi enkulu yaseNdondakusuka lapho kwafa khona a6antwana a6aningi 6enkosi, noM6uyazwe uqo6o lwakhe, 6e6ulawa uSuthu a6eqembu likaCetshwayo.

Nayo impi leyo isiqhathwa nguMantantashiya umnewa6o kaM6uyazwe ethi kalwe noCetshwayo. Naye uCetshwayo uqo6o
39 wa6engafuni kuliwe kodwa ngenxa yokududulwa kukaM6uyazwe nguMantantashiya na6anye a6a6efuna igazi kuphela yaze yasuka impi. Zadumelana iziGqoza noSuthu empini leyo yaseNdondakusuka, eyanqotshwa ~~abantu~~ uSuthu.

~~Kwak~~ Kakwa6akuhle lokho kuMpande, wade ezwakala ekhuluma amazwi angemnandi neze ngoCetshwayo. Ungena nje e6ukhosini uCetshwayo ungenela phezu kwefu elinjalo. Eseqalekisiwe nguyise uMpande.

Nanko-ke umbuso wakhe u6a nesisila usuka phansi, kanti
40 njalo seku ukufa kwelakwaZulu. Ka6usanga inkathi ende emva kwalokho yatheleka eyamaNgisi kwaZulu. Yalinqo6a.

41 Ithongo

6athi lapho 6esixoxela a6adala 6akithi, ithongo lalihlala ku6antu a6akhulu ekhaya; yi6ona elikhuluma na6o e6usuku li6atshele okufanele 6akwenze. 6athi ithongo leli umuntu ofileyo ose6uya esengumoya azokhuluma na6antu a6asaphila. Noma

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

ser. 152

Noma umuntu egula 6ekuyokulindwe ukuthi ithongo lizothingi ngaye. Lifike-ke e6usuku likusho okuzokwenzeka kulowomuntu; na6ala kwenzeke njengokusho kwalo ithongo. La6a a6asixoxela

42 ngalo ka6asho ukuthi laliyikhomba kanjani inkomo elifuna ihlatshwe; kodwa kuthiwa laliyikhomba inkomo. Kuthi ekuseni ihlinzwe kukhishwe inyongo athelwe ngayo ogulayo ukuze asinde.

Nalo ithongo la6elihlatshelwa inzinkomo okuthiwe ngezethongo ziqoqelwe ndawonye, zahlukaniswe nezinye okungezona zethongo. A6antu a6a6ezozihlinza 6a6ekhethwa, futhi 6ahlukaniswe kwa6anye ngezevatho za6o. La6o a6azohlinza 6abhince imitsha yamantombazana.

43 [illegible]

43 6azihlinzeke. 6azihlinze nje seku6uthene a6afana a6ancane eduze nalapho kuhlinzelwa khona. 6alinde ukwethwala izitho a6azinikezwa a6ahlinzayo 6aziyise endlini. Kaziyiswa endlini ehlala a6antu, ziyiswa endlini yezalukazi lapho kungavamile a6antu a6aningi, 6azi6eke khona.

Zihlale khona kuze kufike umnumzane ongomunye wala6o akade 6ehlinza. Uza uhamba nenye indoda. 6afike 6angene endlini yezalukazi 6azihlahlele 6ese6ezilungiselela uku6a

44 ziphekwe zonke kanye-kanye. Ziphekelwe la6o a6akhethelwe uku6a 6azidle, ngo6a inyama yethongo kayidliwa nga6antu 6onke. Kuzakuthi lapho ilanga seliya ngomutsha wendoda 6ese yephulwa inyama leyo, ilokhu iphekwe ekuseni. Se6ehleli 6onke laphaya, 6ahleli ngemindeni ya6o. 6azokhangeziswa; kayi6ekwa ezithe6eni leyo. 6anikwa ezandleni. Yilowo nalowo aphathe iqatha lakhe, 6alindane. 6ade 6e6ana ngamehlo-nje, 6alinde izwe eliphuma

45 kophetheyo lokuthi ka6adle. Kuthi ngasolesosikhathi 6esayiphethe ngezandla 6aqala elikhulu ihu6o elisusa usinga. 6ahu6ela inyama yethongo phela. Kuzokuthi lapho ihu6o seli6afudumeza lifike izwe elithi ma6ayilokishele 6onke kanye-kanye leyonyama. 6ayilokoshele-ke.

46 Ukwethwasa

Izangoma ziyethwasa. Ungeke usuke u6e inyanga angazange wethwase kuqala. Kakusiye wonke umuntu ongasuke a6eyinyanga noma isangoma esibhulayo engaqa6anga wa6ufundela wa6ethwasela.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

Kuqala khona nje uku6a umuntu ahanjelwe ithongo e6usuku limu6ikela izinto ezizokwenzeka. Aphuphe amaphupho amakhulu ngezinto ezizokwenzeka. A6oniswe izinto ezinga6onwa nga6anye a6antu. Kuzothi njalo ekuseni avuke a6atshele a6antu izinto

47 azizwile e6usuku ezitshelwa amathongo.

Zithi zingenzeka a6antu 6aqale uku6ona ukuthi impela ukak ukhuluma na6aphansi. Phela amathongo kakhulumi na6o6onke a6antu, akhetha a6athile. Athi angaziveza kulowo e6usuku kuhanjwe kuyo6ikelwa xxx umnumzane noma inkosi ukuthi u6ani ukhuluma na6aphansi. Athi angakuzwa lokho umnumzane a6ize enye inyanga edumileyo uku6a izohlola lowo okuthiwa ukhuluma namadlozi.

48 Lomuntu manje useqala ukwahluka kwa6anye ngezenzo ezithile. Usenza izinto nje ezingaqondwayo, ku6esengathi kayiphelele ingqondo yakhe. Aquleke nokuquleka ngenye inkathi ku6esengathi uphethwe isithuthwane. 6ezwe a6antu esebhodla nje ekhuluma ulimi olungazwakaliyo. Ku6esengathi kukhuluma a6antu a6aningi. 6athi yiwona lawo amathongo asefuna ukuthuma umuntu lowo afuna ukukhuluma na6antu a6asemhla6eni. Useyelashwa-ke manje izinyanga. Zimenzele amakhu6alo neminye imithi ethile. Useqala nokuzaca

49 futhi manje, namehlo lawa asehla6a, asesa6eka lapho umbhekile.

Useqala manje uku6ona nezin6o ezinga6onwa nga6anye a6antu. Useyabhula kancane. Imithi lena ayidlayo sengathi iyaku6anga ukufa, ngo6a uyidla nje sengathi kadli lutho. Kuqhu6ekele phambili ukwenza izinto ezingaqondakaliyo. Nokudla lokhu kasakudli kakhulu. xxxxx Usezoqala manje ukubhula ngempela, na6antu se6eyamxwaya.

Kuzokuthi uma esezovela o6ala ukuthi usethwasile manje

50 kuhlatshwe izinkomo kwenziwe elikhulu idili. Kumenywe a6antu 6onke. Kulapho-ke esezohlolisiswa ngempela ukuthi uphumelele na. Kuthokozwe lapho, ephumelela, nezihlo6o zakhe zija6ule. Manje usezokwaziwa nga6antu 6onke ukuthi useyinyanga yempela ekwaziyo ukubhula.

51 A6afana 6oqunga

Umkhovu kuthiwa ngumuntu ofana na6antu 6onke, kodwa futhi owahlukile kakhulu ku6o. Ngizokuchachisa lokho ngokuthi

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

umkhovu kuthiwa umuntu ofile waɓuye wavuka. Kuyekuthi umuntu esaphila, ezihlalele nje naɓanye aɓantu aɓathakathi ɓaqonde yena ɓathi ɓazomenza umkhovu. Lomuntu uhlezi nje aɓathakathi ɓayamthakatha, ɓenza ɓonke uɓuɓi ɓoɓuthakathi ɓaɓo ɓokuɓa ɓamɓulale. Kangazi noma yiɓona yini aɓamɓulalayo ~~xxx~~ noma
52 uyazifela njengaɓantu ɓonke. Kodwa kuyekuthi ekugcineni agule kakhulu kuzekumanele ukufa. Nezihloɓo zakhe ziɓone ukuthi usephelile impela.

Iqiniso lapho likhona kulapha umuntu lowo ophendulwa ukkhovu kafi ngempela njengaɓantu ɓonke nxa ɓefayo. Kuthiwa uyaquleka nje, aphelelwe ingqondo afane nomuntu olele eɓusuku ongathi ufile kanti uyaphefumula kancane. Nomuntu uma eshaywe
53 into ekhanda ngamandla amakhulu uye ~~x~~ aquleke angezwa lutho olwenziwa kuye. Kufane nomuntu elaliswe ngodokotela lapho ɓezomhlinza, kuyekuɓengathi ufile kanti qha. Kuthiwa-ke aɓathakathi umuntu ɓamfaka kulesosihlwathi ngemithi yaɓo esagula, ɓazothi ɓethuka aɓakuɓo ɓesephola kuɓe sengathi usefile. Phela ikhona imithi enjalo eyenza kuɓesengathi umuntu ufile, nenhliziyo yakhe ishaye kancane, nokufudumala komzimba kunciphe.

ɓafunge aɓantu ukuthi ufile. Nalowo-ke ozokwenziwa umkhovu
54 uɓa kulesosimo. ~~xxxx~~ Kawukho umuthi nonamandla kangakanani ongavusa umuntu esefile ngempela. Ngisho aɓelungu imbala ɓehlakaniphe kangaka ɓenkho konke ukwazi kaɓakwazi ukuvusa umuntu esefile.

Kuqondeni kahle lokho.

Siyasho khona ukuthi umkhovu imfakaɓili; kodwa kakusilo iqiniso lelo. Athi-ke lowomuntu angaquleka aɓakuɓo ɓayomfihla emathuneni, ɓethi ufile. Kanti aɓathakathi ɓanosondo ɓakhona
55 lapho eduze ~~x~~ ɓayaɓukela. ɓalinde ukuhlwa. ɓafuna ukuɓona ithuna lapho ezofihlwa khona, ukuze kuthi eɓusuku ɓazomɓulula. Afihlwe-ke umuntu lowo okuthiwa ufile, ɓesekuphindelwa emakhaya. ~~xxxxxxxxxxxx~~ Kuhlwe. ɓalale ɓonke aɓantu emzini. Sekufikile-ke ukuhlwa okade kulindwe aɓathakathi. ɓaqonde ethuneni lelo. ɓambulule umuntu ɓaɓuye naye. ɓafike lapho

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

6ehlala khona 6amhlikihle ngemithi ya6o, 6amenze konke a6akwaziyo kokumphaphamisa. Na6ala avuke kulesosihlwathi
56 a6ekuso. Avuke ku6ese ngathi kad ezilalele-nje. 6aqale-ke ukumenza umkhovu. 6azomncindisa ezindengezini ezishisayo, uncinda ngeminwe phela.

Ancinde imithi e6a6ayo. 6athi a6anye umcindiswa nje a6athakathi 6a6eke itshe elikhulu lapha kuye t ekhanda khona ezofingqeka. Ancindiswe, ancindiswe igazi lakhe xxx lize ligcwale imithi leyo e6a6ayo. Liphenduke lifane nelesilwane. Yonke lenkathi ufundiswa imikhu6a yo6uthakathi. Kasalifuni
57 ilanga leli. Selithi lingaphuma abhace emhumeni ya6athakathi. Useyaqala futhi uku6a mfushane. Kasakwazi ukukhuluma, usevamise ukuphimesa uhlamvu lu6elunye kuphela emloneyni oluthi "Maye."

6amphethe a6athakathi 6ayamncindisa, 6ayamgca6a, 6ayamphalazisa. Useyathunywa e6usuku ahambe nezimfene za6athakathi uma zithunyiwe ukuyo6ekela a6antu a6athakathwayo.

Kuthiwa phela uma umkhovu ukusukela wawushiya uye ufune
58 lapho unyathele khona 6ese unyathela khona nawo. Kukhona nemikhovu yamaxhegu zezalukazi. Kuthiwa izalukazi yizona ukukhalima umuntu uma eseyishiya imikhovu, zisuke zimdunusele, umuntu awe phansi. A6anye 6athi uma uhlangana nomkhovu xxxx unga6okhuluma uveze amazinyo, ngo6a uzowa6ala 6ese uyafa. kuthiwa uma ukewakufulathela umkhovu, wakunika isiphundu sawo ungeke uphile.

59 uNomkhu6ulwana

uNomkhu6ulwana u6izwa ngokuthiwa iNkosazana. Kuthi ngayoyonke iminyaka ngesikhathi kuthathwa amageja kwanduleliswa (ukuthi kusaqaliswa ukulima) 6esekuphuma 6onke a6antu 6ayoqalisa ngokulima insimu kaNomkhu6ulwana. Kuthi nxa se6e6uyile 6ese6eqalisa ukulima awa6o. Kuthi-ke sekuvuthwe umbila 6esekuthi e6usuku amantombazana 6ese6ikela onina. 6esekuthi a6esifazana emizini yonke 6ese6ephuma 6eyophukula imizi yonke (ukuthi 6eyocela umbila nama6ele ukwenza utshwala 6ukaNomkhu6ulwana). Igama lotshwala 6ukaNomkhu6ulwana uNomde6e. Kuthi-ke uma uNomde6e esekhanyiwe amantombazana a6esephuma ehamba munqunu esethatha izinkomo imizi yonke aziyise edlelweni.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

Kuthi nxa ese6uya ekuseni a6esethatha izingane
eyakuzigqi6a esihla6athini zivele ngesiphezulu, a6ese6aleka
61 ezishiya. A6uye a6uye azozimbulula. Kuthi-ke emini
a6ese6uyisa izinkomo evunule, ebhince amabheshu a6esilisa.
Afike angene esi6ayeni agiye njengezinsizwa. A6uye a
azikhiphe izinkomo aziphindelisele edlelweni. 6esekuthi
izintombi sezithwala utshwala 6ukaNomdede zi6uyisa endle.
6esezigeza umzimba zisusa umshopi.

Amantombazana a6eseyidla yonke insimu kaNomkhu6ulwana
iphele nya ngalololusuku. 6esekulandela izinsizwa ziyakuphuza
62 lo6otshwala 6ukaNomde6e. Ngezikhathi zikaNomkhu6ulwana usuku
lomgqi6elo lwaluhlonishwa kungase6shenzwa ngalo. 6ekuthi
nxa ekhona owesifazana ophumile wayofula ensimini ngomgqi6elo
afumanisane noNomkhu6ulwana a6esem6amba ethi kahambe ayotshela
a6anye. U6e6onwa a6esifazana kuphela. 6ekuthiwa uNomkhu6ulwana
ukhuluma na6esilisa uma ephakathi kwenkungu noma esesihlahleni.
uNomkhu6ulwana 6ekuthiwa inkosazana uNomhoyi.

63 Izinkulumo zakhe u6evama uku6ika ukuthi kuzo6ayinala
nemvula enkulu. A6uye athi futhi uma lomisile ku6angwa uye
lokho ngo6a kathandi line ngo6a a6antu 6amcasulile. Mhlaumbe
kathandi ukuhamba endaweni enethisiwe ngo6a funa a6ishe
ngenxa yokusinda kwakhe. Futhi u6evama ukukhuluma na6alinda
izinyoni emasimini, athi maziyekwe zingalindwa ngoke ziwaqede
ama6ele.

64 Ukugcweleza

Kukhona igama esi6iza ngalo 6onke a6antu a6enza imikhu6a
emi6i yo6uge6engu neyo6usela, elithi ukugcweleza. La6o6antu
t si6a6iza sithi izigcwelegcwele, sisho ngo6a 6egcweleza.
Ngiya6ona ukuthi lelogama lathathwa kuSigcwelegcwele ozalwa
nguMhlekehleke. uSigcwelegcwele lo wa6eyinduna enkulu
yeNgo6amakhosi ngenkathi kusa6usa uCetshwayo kwaZulu. Kuthiwa
uSigcwelegcwele lo waqamba umkhu6a omu6i kwaZulu wokungahloniphi.
65 Lomkhu6a wonakailsa izinsizwa zonke ezawenzayo wa6ayisinengiso
ku6o6onke a6antu kwaZulu, noma wa6uya wancipha kodwa wenza
umonakalo omkhulu kwaZulu. NguSigcwelegcwele lowo-ke.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

Nakhu futhi okwaɓangela igama likaSigcwelegcwele liɓesematheni kuɓantu ɓonke kwaZulu ngaleyonkathi noma lokho ngingokusho ukuthi kwasinika igama leli esiɓiza ngalo izigeɓengu: Iɓutho leNgoɓamakhosi kwakuyiɓutho elincane liholwa nguye uSigcwelegcwele kaMahlekehleke. Lalihlala
66 khona emzini wenkosi Ondini. INgoɓamakhosi lena iɓutho lezinsizwa ezingakaganwa. Khona lapho kukhona iɓutho lakwaTulwana amaMboza lawo. AmaMboza anezindlu ahlala kuzona, kwazise wona ayeseyizinsizwa eziqinile, eseganiwe. Kwakuyekuthi njalo lapho aɓafana ɓeNgoɓamakhosi ɓelamela amadoda akwaTulwana ɓenqakisana ngamazi angemahle neze ezindleɓeni zamaMboza akwaTulwana. Lomoya wokungezwani wanda waze wangena izinduna zawo.

67 Nango-ke uSigcwelegcwele esexaɓana noHamu kaMpande iMboza lansondo elaɓe liyinduna kaTulwana. Ukuxaɓana kwaɓo kwaphetha ngegazi. Kuthe kusenjalo zisabhekene ngeziqu zamehlo izinsizwa, nango uCetshwayo ethumela izwi ezintombini zeɓutho leNgcugce ethi uyazijuɓa, ezijuɓela iɓutho leNdlondlo. Zenqaɓa izintombi, kwazise zaziqome kwelinye iɓutho. Ukwedelela okungako kwezintombi akuɓonange kuɓekhona kwaZulu. Kwaɓashaqisa aɓantu lokho, kuyilapho nokuxaɓana
68 kukaSigcwelegcwele noHamu sekugijimela empini embi. Kwaɓakuɓi impela. Kuthe ngelinye ilanga zadumelana ngezinduku. Aɓafana ɓeNgoɓamakhosi neɓutho lakwaTulwana. ɓaphihlizana ngezinduku kwalimala aɓaningi. INgoɓamakhosi yaɓahlehlisa aɓakwaTulwana.

Ahlehla amaMboza. Kuthe ukuɓa akuɓone lokho uHamu nango ethi uTulwana maluhlome imikhonto luɓagwaze aɓafana. Kwaɓa kuɓi impela ~~ixx~~ lapho. Kwaliwa ngempela manje igazi
69 lagoɓoza, amaMboza eɓagwaza ngemikhonto aɓafana. Kwafa aɓantu aɓaningi nhlangothi zombili, kwazise kwakungekho owayengayilamula leyo. Nenkosi uCetshwayo washaqe~~ka~~ kanje eɓona umhlola onjalo wenzeka phambi kwakhe. Izwe lase limi kaɓi ngalenkathi, selizulelwa amanqe uqoɓo. Emva kwaloluthuthuva uSigcwelegcwele wayobhaca ehlathini, kodwa wasinda ngaleyonkathi, ngoɓa wazicel~~a~~ ela uxolo enkosini ngehlaulo.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

impi, afise ku6ese ngathi nga6e ziyadumelana khona lapho. Amehlo agcwale izinyembezi, izifu6a zawo zigubhazele. Kuthiwa uma sekunjalo izulu laliye lihlome ngisho kade li6alele l lisakazeka.

Ligqunqe li6emnyama, lize nesikhulu isiphepho. 6asho-ke a6aseleyo ekhaya 6athi, "Wo, lahloma izulu lenkosi; liyayizwela inkosi." Izulu leli laziwa ukuthi ngelenkosi, ngo6a amakhosi anamandla 6ekuye kuthi lapho ehlanganisa impi izulu lihlome, lithukuthele. Kwagxila ezingqondweni xxx xxxxx nasezinhliziyweni za6antu ukuthi amandla enkosi angangawezulu eliphezulu ngo6a nalo liphethwe yiyo. Lithi nalapho lishaya ngonyazi kuthiwe kushaya yona inkosi, mhlaumbe amadlozi ala6o a6angasekho 6enkosi.

Yikho nje kwaZulu ngaleyonkathi uma umuntu eshaywe izulu u6engakhalelwa kakhulu, ngo6a funa xxxxx li6uye lizothatha 6ona la6o a6amkhalelayo.

76 Lalithi noma lishaye inkomo layi6ulala, ingadliwa nempela. Nomuzi lowo eshaywe kuwo u6alekelwe, 6awesa6e a6antu. Futhi 6anga6uyeli kuwo kuze kufike inyanga yezulu namakhu6alo ayo izowulungisa umuzi. Izofika inyanga yansondo i6ase6enze i6aqinise. I6ahlafuna ise amakhu6alo azo6anika isi6indi. Leyonkomo eshaywe um6ani xxx izohlala lapho ifele khona kuze kufike ase6elungisiwe inyanga 6ayimbele.

77 Idlozi liyabhekelwa

"Idlozi liyabhekelwa." Lesisisho sizishaya isaga naso. Lokho kusho ukuthi unga6okhohlwa lapho usizo lwakho luvela khona. Kufana nokuthi ungasifulatheli isihlahla. Amadlozi lawa a6eyinto enkulu kakhulu empilweni ya6antu 6akithi endulo, kwazise kwakukholelwa kuwo, kudunyiswa wona. Izipho zonke za6antu ezinhle nezimbi kuthiwa zivela kuwo. Uma umuntu evelelwa inhlanhla enkulu, mhlaumbe waphakanyiswa inkosi

78 6ekuye kuthiwe, u6onwe idlozi lakhe. Kusho ukuthi idlozi limbeke ngamehlo amahle lamenzela xxxx okuhle.

Athi nalapho umuntu evelelwa isisila, mhlaumbe wathukuthelelwa inkosi yamudla izinkomo zakhe kuthiwe, u6ani

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

ufulathelwe idlozi lakhe. Liyini lona idlozi? Ngingathi idlozi umoya, into enga6onwayo ngamehlo. Kodwa phela ngaleyonkathi idlozi lalivamise uku6a inyoka. 6athi lenyoka iphuma kumuntu ofileyo lapho ekhaya. Ngo6a 6ekuye kuthi
79 kungafa umuntu ekhaya kuthi kunga6onwa inyoka ingena endlini kuthiwe, idlozi lakhe lowo ongasekho. Inga6ulawa inyoka le ilandelwe nga6antu ngenkulu inhlonipho ize iyongena endlini lapho. Ingene maqede ihlatshelwe imbuzi iphekwe kahle 6ese i6ekwa endlini lapho ihlezi khona inyoka.

Lokho-ke kufakazela sona isaga leso esishiwoyo esithi nedlozi liyabhekelwa, ngo6a phela noma inyoka leyo iyidlozi inamandla lawo amakhulu okwakuthiwa inawo, kwa6e kusweleke
80 uku6a iphathwe kahle yila6o e6ahambelayo. 6ayilungiselele konke ngesizotha esikhulu ukuze nayo inga6afulatheli ngomuso. Noma ihlatshiswe imbuzi leyo ya6ekwa endlini lapho, kwakuye kuthi ekuseni ngakusasa ifiewe isenjalo nje inyama leyo nazozonke izitho zayo. Ingathintwanga nempela nje. Kuthiwe kakulutho lokho idlozi liyikhothile inyama lesutha lona. Uma isahlezi lapho inyoka yokwenzelwa okunye futhi ~~ukd~~ ukudla ku6engathi ikudlile yakuqeda ~~okuyizlo~~ okwayizolo.

81 Phela kuqala kwakudliwa inyama kakhulu. Ithi indoda uma ifuna ukuzithokozela na6omndeni 6ayo ihal6e inkomo, i6ize nezihlo6o, zizothokoza nayo. 6ekuyekuthike lapho isizohlatshwa inkomo leyo kuqalwe ku6ongwe wona amadlozi lawa, ngo6a e6abheke kahle ekhaya lapho. Ithi ingahlinzwa-ke 6esekusikwa iqatha elinonileyo elicima inhliziyo, li6ekwe odengezini 6ese liyo6ekwa laphaya emsamo. Ku6ekelwe wona amadlozi. Ithi inga6ekwa lapho endlini inyama leyo kulandwe
82 umuntu ozoyilonda ahlale yedwa lapho endlini. Uyibhekele wona amadlozi azofika e6usuku azoyidla. Kuya6ongwa phela.

Into emangalisayo lapho 6esixoxela ngalezizinda6a 6athi idlozi leli kali6onwa lapho selinhuma endlini, ingathi li6onwa lingena. Ku6onwa sekomile nje endlini ukuthi lihambile idlozi. Lithi lingahamba ku6onwe lapho ekhaya. Uma emva kwalo kuvele izifo lapho ekhaya kuye kuthiwe idlozi lithukuthele khathisimbe kuthiwe kaliphathwanga kahle a6asekhaya lapho.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

83 6ese-ke ku6izwa izinyanga zokubhula uku6a zifune lowo othukuthelise idlozi. Uzawu6ulawa phela ukuze idlozi lixole, khathisimbe izinyanga, zithi akwenziwe imikhu6a ethile yokuhla6ela amadlozi ukuze lithokoze idlozi lixole.

Elinye igama aziwa ngalo amadlozi lithi a6aphansi. Uma umuntu efile kuyekuthiwe, "U6ani kasekho, u6izwe a6aphansi." Kushiwo wona amadlozi. Kuso6ala-ke ukuthi idlozi leli la6eliyinto enkulu ku6antu 6akithi ngaleyonkathi.
84 Yilo elali6avikela ezingozini li6asize nasezinhluphekweni za6o. Nomuntu osinde ekufeni oku6i u6enela ukufika ekhaya ahla6e inkomo e6onga idlozi lakhe I elimsindisile ekufeni lokho. Liyabhekelwa nalo idlozi. Isifundo leso sokuthi lapho uthola khona usizo ungafulatheli. Nawe yenza imizamo emininingi emihle yoku6a uthokozise lowo ophile ngaye.

85 a6akwaSikhakhana

Thina Zulu sada6uka emhlangeni. 6a6esho njalo a6antu kuqala, uma 6e6uzwa ukuthi a6antu la6a 6avelaphi. 6athi 6ada6uka ohlangeni. Ziningi izinganekwane ezixoxwayo namuhla ngokuda6uka kwa6o a6antu emhlangeni lowo. Noma kuyizinganekwane njalo zinezifundo ezinkulu thina 6ananuhla ngo6a zisikhombisa imiqondo ya6antu 6akithi a6a6ephila ngaleyonkathi. Kwesinye isahluko kulo lelibhuku sifunde
86 ngokuqanjwa kwezizwe ezithile ngamagama azishaya izaga ethathelwa ezenzweni zazo ezithile. Amanye athathwa enkulumeni aa zazo ezithile. Amanye athathwa enkulumeni zazo njengokuthi: "AmaBhaca" ngo6a ayede ebhacela uZulu owayewahlasele. Lenganekwane izositshela ukuthi amagama athi "a6akwaSikhakhana" na6akwaLembe," 6aqanjwa kanjani ngalezozi6ongo.

Kuthiwa kwasukela insumansumane yasukela phezulu. Kwasuka a6esifazane a6a6ili komunye umuzi 6ahamba 6ayosika umhlanga. 6athe uku6a 6afike emfuleni, 6a6ona umzilana
87 omncane uda6ula lapho emhlangeni. sengathi umzila owenziwe izinyawo za6antu. Ufike uphelele ose6eni lomfula, ungadlulelí ngapheseya. Wathi omunye wesifazane komunye: "Hau! yini lena? Im Iyaphi lendlela ephelela emfuleni." 6esa6a 6eca6anga ukuthi ixxxx indlela yemikhovu mhlaumbe ya6athakathi.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

6athe 6esamangele se6efuna uku6aleka kwaqhamuka indoda khona lapho eduze. 6athi, "Hau, 6a6a, 6esesethukile ka6i sethuswa yindlela le ngo6a siyi6ona iphelela khona lapha esizi6eni.

88 Yathi indoda, "Nethuswa yini lokhu lendlela ifana nazozonke nje. Eyethu lendlela." Ningo6ani nina?" Ku6uza amakhosikazi lawo. "Thina singa6akwaZimase." 6a6uza a6esifazane ukuthi a6akwaZimase la6o a6akhe emhlangeni 6a6uswa iyiphi inkosi na? Yathi indoda: "Inkosi yethu thina ngusango-lingezansi." Nihlaleleni ngezansi lokhu 6onke a6antu se6ehlala ngaphezulu njena?" Ku6uza amakhosikazi. "Anifuni yini ukuhlala na6anye a6antu?" "Qha, asifuni; kodwa lapha phansi sihleli namakhu6alo ethu anamandla amakhulu

89 eselapha ngawo amakhosi. Futhi singekhuphuke kungenziwanga amasiko akithi athile."

Inkosi uZimase angeze nempela akhuphuke uma inkosi yakini leyo namanye amakhosi afuna ukwelashwa engaqalanga eza lapha osebheni lomfula afike khona ashise inoni lelo. Uyokhuphuka uZimase angezwa iphunga lenoni elosiweyo. 6aqonda ekhaya a6esifazane se6egijima 6eyo6ika lelovelakancane lenda6a. 6a6ikela a6ayeni 6a6o, a6ayeni 6a6o 6a6ikela inkosi.

90 Yasuka inkosi yalapho 6ahamba nomakhelwane wayo 6ayo6ona esizi6eni sikaZimase. 6afika khona 6osa inoni lelo, lathu6a linuke nje emlilweni waqhamuka uZimase eyithwele yonke imithi yakhe namakhu6alo. Imithi engahlulwa ilutho. Waphuma esizi6eni emnqunu phela, ngo6a ka6agqoki a6ahlala esizi6eni.

6ahambe naye-ke uZimase ayohlala lapho ekhaya. Wahludhwa ukuhamba mnqunu phakathi komuzi, waze wafaka isikhakha. Athi nalapho eyokumba amakhu6alo afake sona. 6aqala-ke

91 a6antu ukumbiza ngaso isikhakha leso. 6athi nango-ke eza usikhakhama." 6aphendula a6akwaZimase 6athi: "Sukani lapha lamalembana." Ahlala-ke amagama lawo a6asezansi nawa6anga phezulu. A6asezansi 6akwaZimase kwathiwa a6akwaSikhakhana. A6angaphezulu kwathiwa a6akwaLembe. 6athi a6anye a6antu kulapho-ke 6ada6uka khona emhlangeni kuZimase, lapho 6ethi 6ona 6avela ezansi emhlangeni.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

92 Angikhulumi khona uma omunye wa6afazi emuhle kuna6anye, wayehlupheka kakhulu. 6alinga ngazozonk indlela a6anye uku6a 6amlimaze khona engazu6ukeka nase6usweni. Nansi enda6a eyenzeka endulo ekhombisa ngokuso6ala u6u6i 6esithembu nangazo lezozikhathi okwakuthiwa sihle ngazo.

Umnumzane othile owayesena6afazi a6athathu wa6uye wathatha
93 omunye wesine. Emuhle e6a6a lona wesine futhi esemusha. Afike-ke laph ekhaya 6amuthi "kla6e" ngamehlo a6anye 6a6ona ukuthi a6akho ndawo namhlanje kulomakoti omuhle kangaka futhi osemusha kangaka. 6amzonde ngalo nje ilanga lokuqala afike ngalo laph ekhaya. Kuthe khona lapho se6e6ona umnumzane engasajwayeli ezindlini za6o, ese de eya kuleya kamakoti omusha, 6enza ice6o loku6a 6akuqede lokho. Kuthe ngelinye ilanga umnumzane engekho ekhaya 6am6am6a lomfazi
94 omusha 6esehlathini 6etheza izinkuni. 6amklinya ngentambo entanyeni 6amphanyeka emthini. 6agoduka.

Uthe efika ekhaya umnumzane waye6uza ukuthi uyengaphi uMasi6ani6ani na? Hawu 6amlandule a6afazi 6ansondo. 6athi ka6amazi nje nempela ukuthi anga6e uyengaphi.

Afunwe, afunwe, afunwe--phinde!

Umnumzane a6ize isangoma athi kasibhule sim6onisele umkakhe lapho engakhona. Sihlale phezu kwamathambo isangoma. Simusho laph ekhona. Sithi uyalenga emthini ehlathini. U6ulewe a6afazi la6a a6athathu. Isono yingo6a emuhle ethandeka kuna6o. Na6ala kuyiwe ehlathini lapho kukhombe khona isangoma 6amfica esewugodo nje umntwana wa6antu kade afa.

6unjalo u6u6i 6esithembu.

96 Ukuhamba e6usuku

Kwake kwathi ngelinye ilanga insizwa yahambela intombi yayo ku6o sekumpondo zamthini impela. Yahamba, yahamba yaze yafika ko6oNtombi, yafika sekulolwe, sekuvalwe namasango. Pho, insizwa yansondo izozi6onela intombi yayo kayehlulwa yilutho. Nawo amasangwana lawo avaliweyo yawa6uka yaweyisa nje. Yayifuna intu6a yokungena yaze yayithola, yafohla uthango

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

lomuzi yatheleka ngaphakathi. Inga6e izinja nezinaku
97 zaku lowomuzi zaziyephi ngo6a phinde ziyikhonkothe. Ithe uku6a ifohle yanyonyo6a isiqonde elawini lentombi leyo eze kuyo. Ifike eduze kwesicabha ingqongqoze ngesu a6a6evumelene ngalo nentombi yayo, elaziwa yi6ona 6o6a6ili kuphela.

Kanti nsizwa-ndini kawu6uzanga elangeni namhlanje!

Lesisicabha engqongqoza kuso kakusona sendlu yentombi yayo, kukwenye indlu! Kuthe ngo6a nakhu kumnyama, futhi insizwa lena iphethwe uvalo yeduka. Nansoke isingqongqoza
98 kwenye nje indlu!

Iphume indoda yakulowomuzi isiphethe umkhonto, kwazise ukuthi nayo ica6anga ukuthi ingenelwa izige6engu amashayakhotha ase6usuku.

Iphume indoda nomkhonto isiyengame ngawe. Ithi lapho yelamela lomuntu phandle, inga6uzi, iwuphisele kuye. Itsho ngelikhulu insizwa ikhala. Ithi icela ezinyaweni kungasizi lutho kwazis ukuthi uyigwaze ka6i umnumzane lowo. Ayifice ayi6ambe.

Pho, ukumemeza kwensizwa kwethus a6antu laph ekhaya.
99 6aphume u6uthaphuthaphu ezindlini za6o. Nentombi iphume. Ithi lapho i6ona ukuthi yisoka layo lelo eli6ulawayo, isisho isililo.

Maye! Maye! Maye! Maye!

"Yini-ke wena usi6ulala ngesililo seze nje?" ku6uza amadoda kuyona.

"Maye! Maye! Maye! Maye!

" Mamo! Nankumhlola! Yini ntombazana?"

6ese 6enyenyeza omame 6ethi: "Isoka lakhe leli eli6ulawayo. Ukhalela lona. 6elithi lize kuye, nakhu seliduka e6usuku lingqongqoza kwenye indlu."

100 "O, kuyezwakala! Kodwa ukunyonyo6a e6usuku lokhu a6anya6antu 6elele kuyingozi embi. Bheka-ke ecishe limala lomfana."

Kanti kasishongo walimala impela ngo6a masinyane emva kwalokho yafa leyonsizwa!

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

Kuthe nalapho sekuбikelwa iNkosi ephetheyo kulesosigodi yathi kanalo icala umnumzane lowo ngoба ukuhamba eбusuku aбantu бelele uбuthakathi, ikakhulu nxa unyonyoбela umuzi weny indoda.

101 Isizwe saбakwaCele

Noma izizwe lezi sezaба yinkinga kithina бanamuhla kakuswelekile ukuба singalingi ukuба sifunde okuncane ngazo uma sinako, sizwe ukuthi x isizwe esithile nesithile sasinje, sinje enkathini yasendulo. Lokho kuzosenza sizazi kahle izindaба zezwe lakithi nomumo wenkambo yazo izwe leli lingakadungwa izimpi zikaShaka. Futhi ukwazikahle umsukwa wezizwe zakithi kusenza sazane kahle, futhi sihloniphane.

102 Kulelibhuku kangizuziбala zonke izizwe lezi ezazakhile kuleli ngoба lingagcwala zona kuphela, kodwa ngizokhetha izizwe ezinkulu ezazinamandla futhi ngixoxe ngazo njengoба ngafunda ngazo emabhukwini alotshwa aбelungu aбafika kulelizwe kusadliwa ngoludala бaбonana amehlo namehlo namakhosi akithi ayesachinselwa uselwa lwendaбuko. Izizwe lezi phela siziбona kahle kakhulu xx engakaxoбisi uShaka, ngoба kulapho izwe leli laliseyizwe impela, lakahle. Izizwe zihleli ngoxolo, zenaбile. Noma

103 izimpi zaбezikhona kwakungesizona izimpi ezazifana nezikaShaka. Ngaleyonkathi izimpi zaziliwa ngemikhonto eminingi. Kumiwe kubhekwane, ithi ingasuka kucitshwanwe ngemikhonto kumiwe kude.

Aбahlehlayo бahlehle njalo, бaбaleke. бangasukelwa бayotholwa emagceкeni emakhaya. Zha, бathi бangaбaleka xxxx kuбesekuphelile njalo, seбahluliwe. Isifazane naбantwana kungaбulawa nempela. Lokho-ke kwakwenza aбantu бangapheli

104 njengoба бaбephela ezimpini zikaShaka ezazibhuqa ngisho inkukhu ethi tshiyo egcekeni. Ngakho-ke izizwe zazihleli zenaбile ezweni elihle elinothileyo. Uбukhulu noбuncane бazoбuбonakala kahle.

Naso-ke lesi sakwaCele sasinjalo. Kusuka phansi saбesakhe emvoti ezansi nawo kusukela emfuleni uThongathi kuya eNonoti. Phakathi kwaso kwakukhona amaqenjana ayengaphansi kukaMange noMagaye, kodwa ezondana okwenkukhu nembhodla. Sona isizwe sakwaCele sasiбuswa nguDiбandlela ka..khokheleli.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

105 Njengayo yonke imi6ango ephembekayo phakathi kwezizwe
nawo lona wasuka ngoku6anga ifa kwamadodana kaDi6andlela.
Phela kwakuye kuthi lapho inkosi isindala i6ize i6andla layo
ili6ikele okunguyena ozo6usa lapho isikhotheme.

Kuthi nalapho ingasho i6andla liyikhumbuze liyinxuse
uku6a i6eke inkosana yayo, ngo6a kwaziwa khona lokho ukuthi
izothi ingafa kusale kuvuka um6ango omkhulu laph ekhaya
ku6angwa isikhundla so6ukhosi. uDi6andlela yena wamisa
106 uMagaye phezu koku6a uMande wayengomkhulu. Esaphila nje
uDi6andlela uMagaye noMande 6a6e6anga njalo 6esusa uthuthuva
lwezimpana ezingapheliyo lapho ekhaya zomndeni. Kasizwa
ukuthi wazewawulamula kanjani uDi6andlela lowom6ango. Kuhlale,
kuhlale uzufike ezindle6eni zikaShaka.

uShaka yena wayekwazi ukulamula imi6ango, nowakwaNyuswa
wawulamula ngenja. Nawo lona wawulamula ngeyakhe indlela.
107 Kulezimpana zomndeni ezazi de zisuka ekhaya lapha uMagaye
wazinqo6a. Kuthe kuyo lenkathi kusathe du, uShaka wathuma
amadoda kuMande uku6a ayocela u6uhlo6o nokudla. Ahambe
amadoda lawa azayofika kuMande. Amfica "ethwele umsila"
uMande engazi nokuthi yini nje uShaka. Athe nalapho ethi,
"Nkosi, sithunywe nguShaka uku6a sizomcelela u6uhlo6o nokudla,"
wasuka x wawagilela umhlola uMande.

'a6iza inja. Ithe lapho ifika wayishaya ngenduku wathi,
108 "Nakho ukudla kwenu. Nanso inja, yidleni." Kwa6a umhlola
nje lokho ezithunyweni zikaShaka, kodwa kazasho lutho.
Za6uka ngamehlo, zalalela ngezindle6e, zaqoqa ngezingqondo
zadlulela phambili!

Zifike kuMagaye, zi6eke lona lelo ezali6ekayo kuMande.
Zicele u6uhlo6o nokwasesiswini uMagaye waveza u6uhlakani
o6ungandile, inga6e wayesezwile yini ukuthi uMande wenze
njani yena! Azihla6ise izithunywa zenkosi uShaka, aziphathe
kahle kakhulu. Zithi zisadla a6azi i6andla lakhe alenekele
109 ezize ngakho kuyena. I6andla lithi: "Nqa6a, nkosi. Kasifuni
6uhlo6o noShaka thina. Nxa ephikelela sinazo nathi izikhali
zokuzivikela."

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

Aphendule uMagaye: "Kanginivumeli nempela lapho. madoda. uShaka akunkosi okungacelwa kuyona isicelo ngeze. Kamukho umuntu ongathi ebhuqa amakhosi amakhulu kangaka ngesikhashana esincane eyiswe. Mina ngithi kasi6uvume u6uhlo6o asilethela 6ona. Singene phansi kwekhawpha lakhe. Nithini?"

110 Qha, i6andla liwa6one amazwi kaMagaye, liwamkele. Ziphathiswe lelozwi izithunywa zikaShaka. Zi6uyele ekhaya. Kungaka6insuku zatshwala 6ayi6one iqhamuka impi kaShaka asukele phezulu uMagaye ayihlanga6eze eqhu6a izinka6i ezinonileyo zokuyihla6isa. Izamkele impi, imfake ngaphansi kwekhwapha likaShaka uMgaye.

Idlulele kuMande owahla6isa uShaka ngenja. Ifike khona kunuke uthuli lwezichwe. Pho, wenzelaphi uMande kuShaka wansondo!

"Si6ike kuShaka. Usicelele uxolo."

111 "Kulungile, mfowethu," kuvuma uMagaye, "ngizoku6ika kuShaka, noma ngingazi ukuthi uzothini."

Lidlulele kuShaka izwi likaMande, lidluliselwa nguMagaye. Ku6eyinhlanhla enkulu uku6a uShaka alamkele ngomoya omuhle. Athi: "Ngangiqonde ukum6ulala uMande; uma ngangiqondele nga6e kasekho namhlanje. 6engifuna ukumfundisa isifundo kufphela, apheze ukweyisa okungaka, ngithi ngithumele kuye a6antu 6ami a6akhombise inja. Uma ese6u6onile u6uwula 6okuphika

112 nami inkani, kulungile, makeze."

6ese emxoshisa ngezinkomo njalo ethi ka6akhe khona endaweni ya6o leyo a6a6esuke kuyo.

Ku6e njalo-ke.

Ku6e njalo, ku6e njalo! Ngo6a masinyane emva kwalokho uShaka wathi ka6ulawe uMande a6antu a6antu 6akhe 6a6uswe umfowa6o uMagaye.

Wasi6usa-ke isizwe sakwaCele uMagaye inkathi ende kwaza kwa6asekufeni kukaShaka. Useza6ulawe nguDingane ngo6a phela

113 uDingane wayengafuni lutho nje nempela olwa6eluyisihlo6o sikaShaka. Wendodana yakhe uMagaye ethiwa nguMkhonto ya6ulawa nguye uDingane. Ahlukana phakathi amaCele, amanye aso6ozelwa isizwe sakwaZulu, amanye eqela esilungwini eBhodwe.

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

Masinyane nje emva kwalokho impi yakwaZulu eyayigudla uThungulu iyakohlasela ngasemaMpondweni yavelelwa isisila soku6a kuthiwe i6ulele a6elungu ngaseMthavuna kwathiwa futhi
114 iqonde uko6ulala a6elungu 6aseBhodwe. Kwakungamahemuhemu nje lawa. Kodwa asusa uthuli olu6i, kwazisukuthi 6athi 6angakuzwa lokho a6elungu 6aseBhodwe na6antu a6amnyama 6akhona. Yafika impi kaShaka izidlulela nje, yafika yaphumulela khona lapho, yahlukana phakathi. A6anye 6ayozicelela ukudla ku6antu a6anye 6amisa khona lapho esigodini. Ingaqonde lutho olu6i yona. Pho, lokhu ~~txww~~ izwi lase lisakezekile njalo a6elungu na6antu 6aseBhodwe. 6ayifica ka6i ingazelele
115 ilambile, ikhathele. 6ayahlula.

6aku6ona lokho ukuthi kuzo6a lethela uShaka nempi enkulu, nampo-ke se6ethutha konke okungokwa6o, a6elungu na6antu 6ewelela kwelamaMpondo. Kwasala lapha eBhodwe inxenye ya6akwaCele a6a6e6uswa nguXabhashe, inkosana kaMande ngalena eBhiyafu kwasala a6antu 6akwaMnini uMagidigidi yena wayesahleli kwaZulu kodwa iqembu lakhe la6akwaCele lalandela uFe6ana lapho edlulela emaMpondweni. Leliqembu la6akwaCele lahlala
116 inkathi ende emaMpondweni kodwa la6uye la6uyela kwelaseNatali lase lakhe eduze nomfula amahlongwa. Wasesuka uMagidigidi kwaZulu esezohlala na6antu 6akhe khona lapho eMahlongwa uXabhashe neqembu lakhe 6akha kumfula uMlazi. Se6eze6aficwa amaBhunu 6ehleli lapho 6e6uswa iwo amakhosi awo. uMagidigidi wa6uya wawelela phesheya kwoMzimkulu, walandelwa idlanzana la6antu 6akhe.

Umalume wakhe uMntungwana wasala nelinye idlanzana
117 la6antu ~~x~~ eMahlongwa. uXabhashe umfowa6o yena kasuka eNatali, inxenye ya6antu 6akhe yayakhe ezansi noMlazi i6uswa nguMpangela, a6anye 6aphakathi noMzimkhulu. Sonke isizwe sasiphansi kwom6uso wamaNgisi. AmaBhunu a6afica 6ehlakazeke kanjalo, a6anye 6ephansi kwa6elungu a6anye 6ephansi kwa6anumzane a6amnyama. Se6eze 6a6uyela emakhosini a6o emva kwothuthuva olwasuka kwaZulu ngeminyaka ka 1839 no 1840.

118 AmaCele kazange alwe namaBhunu noma ayekhona empini

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017

6e6ethanda kakhulu ukuthakatha ngenyama ya6antu. Umuntu lona 6athi 6angam6ona 6am6ambe, 6amcwiye, 6athathe inyama ethile emzimbeni wakhe 6ayokwenza ngayo imithi yax ya6o.

Ngenyinkathi umuntu 6amcwiya esezwa engakafi ngo6a 6ethi inyama yakhe izokwenza ux umuthi onamandla ngo6a nakhu ucwiywe engakafi esaphila. Yonke-ke lemithi kungeyoku6ulala
124 a6anya6antu mhlaumbe kungeyokuziqinisa ukuze 6a6enesithunzi phela.

Isikhova lesi ining la6antu kalixsaz kalisithandi lithi inyoni embi enesisila. Phela isikhova inyoni yase6usuku engezwani neze nelanga. Futhi lapho ikhalayo e6usuku iphimbi layo liyethusa kalejwayeleki nempela.

6athi-ke a6antu isikhova lesi inyoni ya6athakathi, izinswela6oya zithuma yona lapho zifuna uku6ulala umuntu. Indize izifike phezu kwendlu yalowo ozo6ulawa, ifike ihlale
125 phezulu 6ese isho ngephimbo layo ithi "Wu--wu-woza mabhengwana!"
6athi ithi ingasho njalo nje 6ese uhlatshwa umkhuhlane lowo usendlini. Umhla6e ngamandla uze naye uthuli. 6athi 6esathukile a6antu 6ayezwa kayezwa kasekho.

A6any a6athakathi phela 6a6ehtakatha ngezimfene ezazi6ulala a6antu kuthunywe zona e6usuku zeqe phezu kwezindlu za6antu e6usuku kuyasa ku6ikwa izidumbu kulowomuzi.

Kwakunjalo-ke endulo.

END 152

Digitised by the Open scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017